# Isethulo

**Ngabe zike zibe khona yini izikhathi lapho uke ufise khona, uma ubukele umabonakude noma ifilimu e-cinema, ukuthi sengathi nawe ungake ube ngomunye walabo badlali bale midlalo abanekhono noma mhlawumbe ufise ukuba sengathi ungaba wumdlali othile odumile ojwayele ukumbona kumabonakude? Ngesinye isikhathi uke uthule uzibone usuyilelo qhawe elisuke lisendabeni ethile edlalwayo phambi kwakho. Lapho sekunguwena oliqhawe elidubula izigilamkhuba bese uhlenga labo abebethunjiwe; uzibone sekunguwe ozithola usungungwe abesifazane abahle bonke bekhala ngawe; uzibone bonke abantu sebekungungile befuna ukuthi ubasayinele ama-autograph, uthole wonke umuntu esekufuna ikheli lakho le-imeyili. Kusebusuku uhleli ubuka uhlelo oluthile lukamabonakude lapho kuxoxwa khona nosaziwayo othile. Kanjalo nalapho futhi ufisa ukuba sengathi uwena lowo izwe elikubukayo; futhi uhalela ukuthi sengathi kungabe kukhulunywa nawe ukuze wonke umuntu akuzwe ukhuluma kucelwa ukuba uveze ilaka lakho nombono wakho ngezinto ezenzekayo emhlabeni. Noma ake sithi nje ekuseni kusa uzivulela iphephandaba maqondana nalapho likhuluma khona ngezamabhizinisi, usufunda ikholamu ethile ebhalwe ngosomabhizinisi osemncane ogxile emkhakheni wezamakhompyutha noma-IT osedlondlobale ngale ndlela yokuthi izinhlelo zakhe zigcwele umhlaba wonke manje. Khona manjalo usuyazicabangela nje yize ungathandisisi kahle kodwa usufikelwa wumqondo othi: Cha, ushayile lo mlisa! Uyazi nami ngifuna ukufana naye.**

**Le ncwajana ikumema ukuba ufunde iBhayibheli ukuze uthole izindaba elikutshela zona mayelana nabantu abathile abakhethekile. Abantu badlala indima ebalulekile eBhayibhelini lonkana. Abanye abantu babesondelene benobudlelwano obuhle kakhulu noNkulunkulu, kanti abanye bamfulathela uNkulunkulu benza ukungalungi. Ngezinye izikhathi babelwa noNkulunkulu. Laba kwakungabantu ababengefani, benezimo eziningi ezahlukene futhi behlukile, abantu ababebhekene nezimo ezehlukile zempilo. Kanti kumuntu ngamunye kulaba, uNkulunkulu wazibonakalisa ngezikhathi nangezimo ezahlukene zempilo. Kanti uNkulunkulu wayesebenza ezimpilweni zalaba bantu ngabanye. Phakathi kwamakhasi eZwi likaNkulunkulu elimangalisayo, wena uzothola ukuthi: Yimina-ke lowo! Ngiyindoda! Kanti futhi uNkulunkulu uyasebenza nasempilweni yami nami!**

**Hlanganyela nathi uze sizohlangana nabantu esibathola eBhayibhelini.**

# UPHILA EBUDLELWANENI NONKULUNKULU

**Into ebaluleke kakhulu ngokuba yindoda yangempela ukuba nobudlelwano noNkulunkulu. Ayikwesabi ukuvuma ukuthi iyamdinga uMdali wayo. Njengomuntu kaNkulunkulu, imthanda ngendlela emangalisayo uNkulunkulu noyisizinda sakho konke okuthinta impilo yakhe.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Impilo yakhe ishintsha kakhulu ngemuva kokwamukela uJesu

UJesu wangena eJerikho, wadabula kulo. Kwakukhona indoda okuthiwa nguZakewu, ingumthelisi omkhulu, futhi icebile. Yayifuna ukumbona uJesu ukuthi ungubani, kodwa yehluleka ngenxa yesixuku sabantu, ngokuba yayimfushane. Yagijimela phambili, yagibela esihlahleni somthombe, ukuze imbone, ngokuba wayezakwedlula ngalapho.

UJesu esefikile kuleyo ndawo, wabheka phezulu, wathi kuyo: "Zakewu, shesha wehle, ngokuba namuhla kufanele ngingenise endlini yakho."

UZakewu washesha wehla, wamemukela ngokuthokoza.

Kuthe lapho bekubona lokho, bakhononda bonke, bathi: "UJesu ungenise endlini yendoda eyisoni." Kepha uZakewu wasukuma, wathi eNkosini: "Nkosi, ngipha abampofu ingxenye yempahla yami; kuthi uma ngimqolile umuntu okuthile, ngikubuyisele kuye sekuphindwe kane."

UJesu wathi kuye: "Namuhla insindiso ifikile kule ndlu, lokhu naye uyindodana ka-Abhrahama. Ngokuba iNdodana yomuntu ize ukuzofuna nokusindisa okulahlekileyo."

NgokukaLuka 19:1-10

## Uyakhula ngokukamoya njengalokhu efunda ezindla ngeZwi

Umhlabeleli uhlabelela ngothando lwakhe lweZwi likaNkulunkulu.

Umthetho wakho ngiwuthanda kakhulu.
Ngizindla ngawo usuku lonke.
Ngemiyalo yakho, ngiyahlakanipha
kunezitha zami,
ngokuba inami kuze kube phakade.
Nginokuqonda okubedlula bonke
abangifundisayo,
ngokuba ngizindla ngobufakazi bakho.
Ngiqonda ukwedlula izingwevu,
ngokuba ngigcina iziyalezo zakho.
Ngiyazinqanda izinyawo zami
ezindleleni zonke zokubi,
ukuze ngigcine izwi lakho.
Ezehlulelweni zakho, angichezuki,
ngokuba Wena uyangifundisa.
Anambitheka kamnandi amazwi akho,
adlula uju emlonyeni wami.
Ngeziyalezo zakho ngizuza ukuqonda,
ngalokho-ke ngiyazizonda zonke
izindlela zamanga.

Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami
nokukhanya endleleni yami.

Ngifungile,
futhi ngakuqinisekisa
ukuthi ngizozigcina izehlulelo zakho
ezilungileyo.
Simakade, ngihlupheka kakhulu,
ngiphilise ngokwezwi lakho.
Simakade, yamukela iminikelo yesihle
yomlomo wami,
ungifundise izehlulelo zakho.
Umphefumulo wami usesandleni
sami njalo,
nokho umthetho wakho
angiwukhohlwa.
Izikhohlakali zingicuphile,
kepha angichezukanga eziyalezweni
zakho.
Ubufakazi bakho buyifa lami
laphakade,
ngokuba buwukuthokoza kwenhliziyo
yami.
Inhliziyo yami ngiyinamathelise
ekwenzeni
izimiso zakho,
kuze kube sekupheleni.

Ngiyabazonda abanhliziyo mbili,
kepha umthetho wakho
ngiyawuthanda.

AMahubo 119:97-113

## Ukhuleka ngokuzinikela ngokungenamibandela

**UDaniyeli waqhubeka nokuhlala njalo ekhuleka, naphezu kokuba umbhalo wawusulotshiwe nowawunqabela ukukhonzwa kwanoma yini noma omunye umuntu ngaphandle kwenkosi.**

Kwathi lapho uDaniyeli esazi ukuthi umbhalo ulotshiwe, wangena endlini yakhe, amafasitela ayesekamelweni lakhe eliphezulu ayevulekele ngaseJerusalema, waguqa ngamadolo kathathu ngosuku, wakhuleka, wabonga uNkulunkulu wakhe, njengalokho ayenzile kuqala. Ayesebuthana lawo madoda, amthola uDaniyeli ekhuleka, enxusa kuNkulunkulu wakhe. Asondela phambi kwenkosi.

UDaniyeli 6:10-12a

## Uzinikela ekutheni kwenzeke intando kaNkulunkulu ngempilo yakhe

Ukuzalwa kukaJesu kwaba kanje: uMariya unina kaJesu wayesethenjiswe umendo uJosefa; bengakahlangani, uMariya watholakala esekhulelwe ngokukaMoya oNgcwele. Kepha uJosefa, indoda yakhe, ngenxa yokuba engumuntu olungileyo, akathandanga ukumthela ngehlazo, wayefuna ukuhlukana naye ngasese.

Kuthe esazindla ngalokhu; bheka kwabonakala kuye ingelosi yeNkosi ephusheni, ithi: "Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya abe ngumkakho, ngokuba lokho akukhulelweyo kungokukaMoya oNgcwele. Uzakuzala iNdodana, uyiqambe igama uthi nguJesu, ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo."

UJosefa esevukile ebuthongweni, wenza njengalokhu imyalile ingelosi yeNkosi, wamthatha umkakhe; akazange alale naye, waze wazala indodana; wayiqamba igama wathi nguJesu.

NgokukaMathewu 1:18-21,24-25

## Unikela impilo yakhe eNkosini

U-Enokhi wayehamba noNkulunkulu. Wanyamalala, ngokuba uNkulunkulu wamthabatha.

IGenesisi 5:24

Ngokukholwa, u-Enokhi wathathwa ukuze angaboni ukufa, akazange esafunyanwa, ngokuba uNkulunkulu wayemthabathile. Ngokuba engakathathwa wafakazelwa ukuthi wayemthokozisa uNkulunkulu.

KumaHebheru11:5

## Akaziqondi ngaso sonke isikhathi izindlela zikaNkulunkulu

**Wayeyindoda enjalo-ke uGideyoni waseBhayibhelini:**

Ingelosi kaSimakade yabonakala kuye, yathi: "USimakade unawe, qhawe elinamandla."

UGideyoni wathi kuyo: "Kodwa mnumzane, uma uSimakade enathi, kungani kwenzeke konke lokhu kithi, na? Ziphi zonke izenzo zakhe ezimangalisayo, okhokho bethu abasixoxela ngazo, bethi: 'Akazange yini uSimakade asikhuphule eGibhithe, na?' Kepha manje uSimakade usilahlile, wasinikela esandleni sabakwaMidiyani."

Abehluleli 6:12-13

## Naphezu kwezinkinga empilweni yakhe, uhlala ngaso sonke isikhathi ebheke kuNkulunkulu ukuthi amnike amandla

Noma umkhiwane ungeqhakaze,
nemivini ingabi nazithelo,
nomsebenzi womnqumo
ungaphumeleli,
amasimi angabi nasivuno,
kungabi bikho mhlambi wezimvu
nezimbuzi esibayeni nazinkomo
esibayeni,
nokho mina ngiyakujabula
ngoSimakade,
ngithokoze ngoNkulunkulu
wensindiso yami.
USimakade iNkosi, ungamandla ami,
wenza izinyawo zami zibe
njengezendluzela,
enze ngihambe ezindaweni zami
eziphakemeyo.

UHabhakuki 3:17-19a

## Ngezinye izikhathi uyangabaza

**Ngezinye izikhathi akanakho ukukholwa, njengomfundi uTomase, owayenenkinga yokukholwa ukuthi uJesu wayesevukile kwabafileyo.**

Kepha uThomase, omunye wabali-12, okuthiwa nguDidimu, wayengekho mhla uJesu efika. Ngakho-ke abanye abafundi bathi kuye: "Siyibonile iNkosi."

Kepha wathi kubo: "Uma ngingaliboni inxeba lezipikili ezandleni zayo, ngifake umunwe wami enxebeni lezipikili, ngifake isandla sami ohlangothini lwayo, angisoze ngakholwa."

Emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili abafundi bakaJesu besendlini noThomase ekhona, uJesu wangena iminyango

ivaliwe, wema phakathi kwabo, wathi: "Ukuthula makube kini."

Wayesethi kuThomase: "Letha umunwe wakho lapha, ubone izandla zami; letha isandla sakho, usifake ohlangothini lwami; ungabi ngongakholwa, kodwa okholwayo."

UThomase waphendula, wathi kuye: "Nkosi yami, Nkulunkulu wami!"

UJesu wathi kuye: "Ngenxa yokuba usungibonile, usuyakholwa yini na? Babusisiwe abakholwa bengabonanga."

NgokukaJohane 20:24-29

## Ngezinye izikhathi uba namahloni uma kufanele avume ukuthi uyamazi uJesu

UPhethro wayehleli phandle egcekeni, enye yamantombazane yeza kuye, yathi: "Nawe ubunoJesu waseGalile."

Kepha waphika phambi kwabo bonke, wathi: "Angazi ukuthi ukhuluma ngani."

Esephumile esangweni, enye intombazane yambona, yathi kwababelapho: "Lona ubenoJesu waseNazaretha."

Wafunga wagomela ephika futhi, ethi: "Angimazi lowo muntu."

Emva kwesikhashana, esesondele kwababemi lapho, bathi kuPhethro: "Impela nawe ungomunye wabo, udalulwa ngisho nangukukhuluma kwakho."

UPhethro waqala ukuqalekisa nokufunga, ethi: "Angimazi lowo muntu."

Masinyane, lakhala iqhude. UPhethro wayesekhumbula izwi abelishilo uJesu, lokuthi: "Iqhude lingakakhali, uzakube usungiphike kathathu."

Waphumela ngaphandle, wakhala kalusizi.

NgokukaMathewu 26:69-75

## Ngezinye izikhathi uyakhubeka naye ...

Kwathi sekwedlule unyaka, ngesikhathi amakhosi aphuma ngaso ukuyohlasela izitha zawo, uDavide wathumela uJowabe nezinceku zakhe no-Israyeli wonke, ukuba bayoshaya babhuqe kubantu bakwa-Amoni. Balivimbezela iRabha, nokho uDavide wayeseJerusalema ngaleso sikhathi.

Kwakungesikhathi sakusihlwa lapho uDavide evuka embhedeni, wayesehamba ophahleni lwesigodlo sakhe. Wabona owesifazane egeza, lo wesifazane wayemuhle ngokwedlulele, ebukeka kahle. UDavide wathumela, wabuza ngalo wesifazane, wathi: "Lo akusiye yini uBhathisheba, indodakazi ka-Eliyamu ongumka-Uriya, umHithi na?"

UDavide wathumela izithunywa ukuba zimlande, wafika kuye, walala naye, ngokuba wayesehlambulukile ekungcoleni kwakhe, wayesebuyela ekhaya. Owesifazane wakhulelwa, wathumela ukuba kuyobikelwa uDavide, wathi: "Ngikhulelwe."

2 USamuweli 11:1-5

## Uyabuya uza eNkosini bese ethola intethelelo

### UNkulunkulu umnika ithuba lokuqala kabusha, uphinda uba nokuthokoza futhi.

Ngihawukele, Nkulunkulu,
ngokomusa wakho,
wesule iziphambeko zami
ngokobubele bakho obukhulu.
Ngigezisise ebubini bami,
ungihlanze esonweni sami.

Ngiyazazi iziphambeko zami,
isono sami siphambi kwami njalo.
Ngonile kuwe, kuwe wedwa,
ngenza okubi emehlweni akho.
Wena ulungile nxa wehlulela,
futhi kucacile ukwehlulela kwakho.
Impela ngazalelwa ebubini,
umame wangikhulelwa esonweni.
Wena uthanda iqiniso ngaphakathi enhliziyweni,
uyongifundisa ukuhlakanipha ekujuleni kwenhliziyo.

Ngihlanze ngehisophi, ngihlambuluke,
ngigeze, ngibe mhlophe kuneqhwa.
Ngizwise intokozo nenjabulo,
ukuze ethabe amathambo owachobozileyo.
Fihla ubuso bakho ezonweni zami,
uzesule zonke iziphambeko zami.

Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo,
uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami.
Ungangilahli ebusweni bakho,
ungangemuki uMoya wakho oyiNgcwele.
Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho,
ungiphase ngomoya ovumayo.

Yikhona ngiyofundisa abaphambukayo izindlela zakho;
nezoni ziphendukele kuwe.
Nkulunkulu, ngikhulule ecaleni legazi,
Nkulunkulu wensindiso yami,
yikhona ulimi lwami

luzohuba ngokulunga kwakho.
Nkosi, vula izindebe zami,
ukuze umlomo wami
ulande ngodumo lwakho.
Ngokuba awuwuthandi umhlatshelo,
noma bengizakukunika umnikelo wokushiswa,
ubungayukuthokoza ngawo.
Iminikelo kaNkulunkulu ingumoya owephukileyo.
Nkulunkulu, awuyukuyidelela inhliziyo eyaphukileyo nedabukileyo.

IZiyoni lenzele okuhle ngokomusa wakho,
uzakhe izingange eJerusalema.
Khona uzojabulela iminikelo yokulunga engeyokushiswa
naleyo eshiswa yonke,
banikele nangezinkunzi phezu kwe-althare lakho.

AMahubo 51:1-19

# UPHILISANA KAHLE NABANYE ABANTU

**Akasiyona inkomo edla eyodwa. Uhlalisene nabanye abantu. Ubudlelwano anabo nomuntu ngamunye behlukile futhi ubudlelwano ngabunye budinga okuthile kuye.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Ungumyeni

### Yena nomkakhe bangabangani

USimakade uNkulunkulu wathi: "Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa. Ngizomenzela umsizi omfaneleyo."

USimakade uNkulunkulu wathatha umhlabathi wabumba zonke izilwane zasendle, nazo zonke izinyoni zezulu. Waziletha kumuntu ukuze abone ukuthi uzoziqamba athini; lawo magama umuntu aziqamba ngawo zonke izilwane eziphilayo, kwaba ngamagama azo. Umuntu waziqamba ngamagama zonke izilwane ezifuyiweyo, izinyoni zezulu nezilwane zasendle. Kepha asikho phakathi kwalezo zilwane esatholakala sifanele ukuba ngumsizi wakhe.

USimakade uNkulunkulu wenza ukuba umuntu azunywe ngubuthongo obukhulu, kuthe esalele wathatha olunye lwezimbambo zakhe, wayivala ngesicubu leyo ndawo. USimakade uNkulunkulu wambumba owesifazane ngobambo ayeluthathe kumuntu, wayesemletha kuye.
Umuntu wathi:

"Manje lo useyithambo
lamathambo ami
nenyama yenyama yami.
Lona uzobizwa ngokuthi ngumfazi
ngoba uthathwe endodeni."

Ngakho-ke indoda iyoshiya uyise nonina inamathele kumkayo babe nyamanye.

IGenesisi 2:18-24

### Umthanda kakhulu umkakhe

U-Isaka wamngenisa uRibheka ethendeni likanina uSara. Wamthatha uRibheka waba ngumkakhe, wamthanda, waduduzeka selokhu kwabhubha unina.

IGenesisi 24:67

UJakobe wayemthanda kakhulu uRaheli kangangokuthi wayezimisele ukusebenzela umukhwe wakhe iminyaka eyisikhombisa ukuze akwazi ukushada naye.

UJakobe wasebenza iminyaka eyisikhombisa ukuze aganwe nguRaheli, kodwa ngenxa yothando ayemthanda ngalo uRaheli kwaba sengathi iyizinsuku ezimbalwa.

IGenesisi 29:20

**Umkakhe uyinkosikazi enhle kunawo wonke kuye**

Njengomnduze phakathi kwameva,
sinjalo isithandwa sami
phakathi kwezintokazi.

ISihlabelelo Sezihlabelelo 2:2

**Uyamncoma futhi uyamkhuthaza**

Waze wamuhle sithandwa sami!
Bheka, umuhle,
amehlo akho angamajuba.

ISihlabelelo Sezihlabelelo 1:15

Zaze zazinhle izinyawo zakho
ezimbadadeni,
wena ndodakazi yesikhulu!
Amathanga akho ayizindilinga
anjengemihlobiso,
umsebenzi wezandla zengcweti.
Inkaba yakho iyisitsha esiyindilinga
esingalintuli iwayini elixutshiweyo,
isisu sakho simbulungene
okwendundumana kakolo,
ebiyelwe ngeminduze.
Amabele akho amabili
anjengamazinyane amabili,
amaphahla ayizixhumo zensephe.
Intamo yakho ifana nombhoshongo
wophondo lwendlovu,
amehlo akho afana namachibi
aseHeshibhoni,
ngasesangweni eBhathi Rabhimi;
ikhala lakho linjengombhoshongo
waseLebhanoni,
obhekene neDamaseku.
Ikhanda lakho linjengeKharimeli,
nomyeko okulo usabukhwebezane,
inkosi ibambeke njengomthunjwa
emiyekweni.

ISihlabelelo Sezihlabelelo 7:1-5

**Uthokozela ukuba ndawonye nomkakhe**

Umuhle ngokubabazekayo wena
sithandwa,
futhi uyangenamisa!

Isiqu sakho sifana nesihlahla
sesundu,
namabele akho afana namahlukuzo
alo.
Ngithi:

“Ngizokhwela esihlahleni sesundu,
ngibambelele emagatsheni aso.”

ISihlabelelo Sezihlabelelo 7:6-8a

**Bobabili, bayafudumezana, bafeze izinhloso zabo zangokwenyama**

Kepha ngenxa yobufebe, akube yileyo naleyo ndoda ibe nomfazi, kanjalo nowesifazane abe neyakhe indoda. Indoda mayimenelise umfazi ngokocansi, kanjalo nomfazi enze kanjalo endodeni. Umfazi kanamandla phezu komzimba wakhe, kodwa yindoda enawo, kanjalo nendoda kayinamandla phezu komzimba wayo, kodwa ngumfazi onawo. Ningagodlelani, kuphela kube ngokwesikhashana ngokuvumelana ukuba nithole ithuba lokukhuleka, nibuye nibe ndawonye, ukuze uSathane anganiyengi ngokungazibambi kwenu.

1 KwabaseKhorinte 7:2-5

**Wethembekile kumkakhe**

Uthando lokuzinikela lukaKristu kanye nokwethembeka kwibandla lakhe yisona sibonelo asilandelayo emshadweni wakhe.

Madoda, thandani omkenu, njengalokhu noKhristu elithandile ibandla, wazinikela ngenxa yalo.

Kanjalo amadoda afanele ukuthanda omkawo njengemizimba yawo. Othanda umkakhe uzithanda yena. Ngokuba akekho umuntu owake wazonda umzimba wakhe, kunalokho uyawondla, awuphathe kahle, njengalokhu noKhristu enza kulo ibandla, ngokuba singamalungu omzimba wakhe. Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labo ababili bayakuba nyamanye. Le mfihlakalo inkulu, kepha ngikhuluma ngoKhristu nebandla. Ngakho-ke nani makube yilowo nalowo athande umkakhe, njengalokhu ezithanda yena.

Kwabase-Efesu 5:25,28-33a

## Ungubaba wabantwana bakhe

**Yena kanye nomndeni wakhe bakhonza uNkulunkulu**

Lowo muntu, u-Elikhana, waphinda wenyuka nendlu yakhe ukuyonikela kuSimakade umhlatshelo waminyaka yonke, nokuyofeza isithembiso sakhe. Kodwa uHana akenyukanga, wathi kumyeni wakhe: “Angiyukwenyuka aze alunyulwe umntwana; khona ngizakumyisa ukuba abonakale phambi kukaSimakade, ahlale lapho njalo.”

1 USamuweli 1:21-22

**Ukhuluma nabantwana bakhe izinsuku zonke ngoNkulunkulu**

“Yizwa, Israyeli: uSimakade uNkulunkulu wethu, uSimakade, munye. Mthande uSimakade uNkulunkulu wakho, ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo wonke amandla akho.  Lawa mazwi engikuyala ngawo namuhla mawahlale enhliziyweni yakho. Ubafundise wona abantwana bakho, uwakhulume lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni; lapho ulala, nalapho uvuka. Uyakuwabophela abe wuphawu esandleni sakho, abe yisikhumbuzo phakathi kwamehlo akho. Ubowaloba ezinsikeni zomnyango wendlu yakho nasemasangweni akho.”

IDutheronomi 6:4-9

**Ufisa ukuthi abantwana bakhe bahlale bethembekile kuNkulunkulu**

UJobe wayefuna ukuba abantwana bakhe babe nobudlelwano obuhle noNkulunkulu.

Amadodana ayo ayevame ukuhamba enze idili endlini yaleyo naleyo ndodana, ngosuku lwayo. Ayethumela, ameme odadewabo abathathu ukuze badle, baphuze ndawonye. Kwakuthi lapho sezedlule izinsuku zedili, uJobe athumele awangcwelise. Wayevuka ekuseni, anikele ngeminikelo yokushiswa ngokwenani lawo, ethi: "Hleze izingane zami zonile, zamqalekisa uNkulunkulu ezinhliziyweni zazo."

Wenza kanjalo uJobe zonke izinsuku.

UJobe 1:4-5

**Ufundisa abantwana bakhe ukuthi bamethembe uNkulunkulu**

Abaphilayo,
abaphilayo bayakubonga njengami namuhla;
oyise bayabazisa abantwana
ngokuthembeka kwakho.

U-Izaya 38:19

**Uphatha abantwana bakhe ngokuhlakanipha**

Nani boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu, kodwa nibondle ngokuyala nangokuqondisa kweNkosi.

Kwabase-Efesu 6:4

**Ufundisa abantwana bakhe ukuthi bazithobe bahloniphe**

Ndodana yami,
lalela ukuqondisa kukayihlo,
ungayedeleli imfundiso kanyoko,
iyoba ngumqhele wobuhle ekhanda
lakho,
nomgexo entanyeni yakho.

IZaga 1:8-9

**Wamukela abantwana bakhe beyilokhu abayikho**

Boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu, funa badikibale.

KwabaseKholose 3:21

**Uyaqhubeka nokuthanda abantwana bakhe yize bengenza amaphutha bamlimaze kakhulu**

U-Absalomu wabulala umfowabo u-Amnoni ukuze aziphindiselele kuye. Ubaba wabo, inkosi uDavide wakhubeka kakhulu uma ezwa ngalokhu.

Kwathi esesendleleni, kwafika izwi kuDavide, lathi: "U-Absalomu uwabulele wonke amadodana enkosi, akusalanga nayinye."

Inkosi yayisisuka, yaklebhula izingubo zayo, yalala emhlabathini, zonke izinceku zayo zema lapho, izingubo zazo ziklebhukile.

UJonadaba, indodana kaShimeya, umfowabo kaDavide, waphendula, wathi: "Inkosi yami mayingathathi zonke izinsizwa, amadodana enkosi abulewe, ngoba ngu-Amnoni kuphela ofileyo. Lokhu kwakuyinhloso ka-Absalomu kusukela ngosuku

u-Amnoni aphoqa ngalo udadewabo, uThamari. Ngakho inkosi yami, inkosi, mayingakubeki enhliziyweni yayo ukuthi wonke amadodana enkosi afile, ngu-Amnoni kuphela ofile."

U-Absalomu wabaleka.

2 USamuweli 13:30-34a

Naphezu kobuhlungu indodana yakhe engu-Absalomu eyayimzwise bona, uDavide wayesayithanda.

UJowabe, indodana kaZeruya, wabona ukuthi inhliziyo yenkosi iku-Absalomu.

2 USamuweli 14:1

Inkosi yayaleza uJowabe, u-Abhishayi no-Ithayi, yathi: "Anoyiphatha kahle insizwa ngenxa yami; ngisho u-Absalomu."

Bonke abantu bezwa lapho inkosi iyaleza zonke izinduna ngo-Absalomu.

2 USamuweli 18:5

**Ngesinye isikhathi uyehluleka ukukhulisa abantwana bakhe ngendlela efanele**

Amadodana ka-Eli, umphristi, ayezisebenzisa kabi ngezindlela ezahlukene izikhundla zawo zokuba ngabaphristi. Zonke iziyalo zikababa wabo zaziwela emhlabathini oqinileyo.

U-Eli wayesemdala kakhulu, wezwa ngakho konke amadodana akhe ayekwenza kwa-Israyeli, nokuthi ayelala nabesifazane ababekhonza ngasemnyango wethende lokuhlangana. Wathi kuwo: "Nizenzeleni izinto ezinjalo na? Ngokuba ngiyezwa ngemisebenzi yenu emibi kubo bonke laba bantu. Qha, madodana ami, akusiwo umbiko omuhle engiwuzwa ukhulunywa ngabantu bakaSimakade ngani. Uma umuntu ona kumuntu, uNkulunkulu uyakumehlulela, kodwa uma umuntu ona kuSimakade, ngubani oyakumnxusela na?"

Kepha awalalelanga izwi likayise.

1 USamuweli 2:22-25a

## Ungumukhwe

Unakekela impilo yomkhwenyana wendodakazi yakhe futhi umnika izeluleko ezakhayo.

UMose wamlandisa umukhwe wakhe konke uSimakade ayekwenze kuFaro nakwabaseGibhithe ngenxa ka-Israyeli, nobunzima bonke ababehlangabezane nabo endleleni, nokuthi uSimakade wabakhulula kanjani. UJethro wathokoza ngakho konke okuhle uSimakade ayekwenzele u-Israyeli, ebakhulula esandleni sabaseGibhithe.

UJethro wathi: "Makabongwe uSimakade, onikhululile kwabaseGibhithe nasesandleni sikaFaro."

I-Eksodusi 18:8-10

“Manje ngilalele, ngizokweluleka, uNkulunkulu abe nawe. Ufanele ukukhulumela abantu phambi kukaNkulunkulu, ulethe izindaba zabo kuNkulunkulu.”

I-Eksodusi 18:19

Nakuba kunjalo, kepha uvumela umkhwenyana wakwakhe ukuthi aziphilele impilo yakhe futhi unobudlelwano obuhle naye.

UMose wahamba wabuyela kumukhwe wakhe uJethro, wathi kuye: “Ngiyakucela, ngivumele ngihambe, ngibuyele kubahlobo bami abaseGibhithe, ngiyobona ukuthi basaphila yini.”

UJethro wathi kuMose: “Hamba ngokuthula.”

I-Eksodusi 4:18

## Ungumkhwenyana

Uyamhlonipha umukhwe wakhe futhi unobudlelwano obuhle naye.

UJethro, umukhwe kaMose, wafika ehlane lapho uMose ayekanise khona entabeni kaNkulunkulu, nomkaMose namadodana akhe.  Wathi kuMose: “Mina Jethro, umukhwe wakho, ngiyeza kuwe, nomkakho, namadodana akho omabili.”

UMose waphuma ukuyomhlangabeza umukhwe wakhe, wakhothama, wamanga, babuzana impilo, base bengena ethendeni. UMose wamlandisa umukhwe wakhe konke uSimakade ayekwenze kuFaro nakwabaseGibhithe ngenxa ka-Israyeli, nobunzima bonke ababehlangabezane nabo endleleni, nokuthi uSimakade wabakhulula kanjani. UJethro wathokoza ngakho konke okuhle uSimakade ayekwenzele u-Israyeli, ebakhulula esandleni sabaseGibhithe.

UJethro wathi: “Makabongwe uSimakade, onikhululile kwabaseGibhithe nasesandleni sikaFaro. Manje ngiyazi ukuthi uSimakade mkhulu kunabo bonke onkulunkulu, ngoba ukhulule abantu bakhe kwabaseGibhithe, lapho bebebaphethe khona ngokubaqonela.”

I-Eksodusi 18:5-11

## Ungumngani othembekile

Umngani uyathanda ngezikhathi zonke, kodwa umfowenu wazalelwa ukukuthwalisa ngezikhathi zobunzima.

IZaga 17:17

**Ukhulekela abangani bakhe**

Emveni kokuba uSimakade esekhulume lawo mazwi kuJobe, uSimakade wathi ku-Elifazi, umThemani: “Ngithukuthelele wena nabangani bakho ababili, ngokuba anikhulumanga iqiniso ngami, njengenceku yami, uJobe. Ngakho-ke zithatheleni izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa, niye nakho

encekwini yami uJobe, nikunikele kube ngumnikelo wenu wokushiswa. UJobe, inceku yami, uyonikhulekela, ngoba ngiyakuwulalela umkhuleko wakhe, angiyukwenza kini njengobuwula benu, ngokuba anikhulumanga iqiniso ngami, njengenceku yami uJobe."

U-Elifazi umThemani, uBhilidadi umShuhi, noZofari umNahama, bahamba benza njengokusho kukaSimakade kubo. USimakade wawemukela umkhuleko kaJobe.

USimakade wakuphendula ukuhlupheka kukaJobe ngesikhathi ekhulekela abangani bakhe. Konke uJobe ayenakho uNkulunkulu wakwenezela ngokuphindwe kabili.

UJobe 42:7-10

**Unomoya omuhle kubangani bakhe**

Insimbi ilola enye insimbi,
nomuntu usizwa ngabanye.

IZaga 27:17

## Wehlukanisile

Nakuba ziziningi izinto ezehlukanisa abantu, kepha akukho nakunye okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu.

Ngubani oyakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo. Kanti ngubani ozakulahla ngecala na? NguKhristu uJesu owafayo, yebo owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguYena osinxuselayo. Pho ngubani ozakusehlukanisa nothando lukaKhristu na?

Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanoma yini enye edaliweyo; akuyukuba namandla okusehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKhristu uJesu, iNkosi yethu.

KwabaseRoma 8:33-35a,38-39

# USEBUDLELWANENI NAYE UQOBO LWAKHE

**Izinsuku zonke uyazi ngezidingo zakhe zangokwenyama nezangokomoya. Uyakuqonda ukuthi uNkulunkulu ubukhathalele ubudoda bakhe bonke.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Uyakuqonda ukuthi wakhiwe ngomfanekiso kaNkulunkulu

UNkulunkulu wamdala umuntu waba ngumfanekiso wakhe, wamenza ukuba afuze Yena, wabadala owesilisa nowesifazane.

IGenesisi 1:27

## Ulwela ukubonakalisa umfanekiso kaNkulunkulu ngendlela yena aphila ngayo

Ebeniphila kukho ngesikhathi nisahlezi kulezi zinto. Kepha manje lahlani konke lokhu: ulaka, ukuthukuthela, ububi, ukuhlambalaza, nokukhuluma amahlazo ngemilomo yenu. Ningaqambi amanga omunye komunye, ngokuba senikhumule umuntu omdala nezenzo zakhe; nembethe omusha, owenziwa musha njalo ekwazini ngokomfanekiso walowo owamdalayo.

KwabaseKholose 3:7-10

## Uwuphatha kahle umzimba wakhe

Uyakuqonda ukuthi umzimba wakhe uyithempeli likaMoya oNgcwele futhi uwusebenzisela ukudumisa uNkulunkulu.

Ngakho-ke balekelani ubufebe. Zonke izono umuntu azenzayo zenzeka ngaphandle komzimba, kodwa ofebayo ungcolisa owakhe umzimba. Anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele eninaye, enimemukele evela kuNkulunkulu, nokuthi anizimele ngokwenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mngcweliseni uNkulunkulu emizimbeni yenu.

1 KwabaseKhorinte 6:18-20

## Uyazi ukuthi ungokhethekile kuNkulunkulu

Manje usho kanje uSimakade
owakudala wena Jakobe,
nowakubumba wena Israyeli, uthi:

“Ungesabi ngokuba ngikuhlengile,
ngikubize ngegama lakho;
ungowami.
Uma udabula emanzini,
Mina ngiyokuba nawe,
nemifula ayiyukukukhukhula;
nalapho udabula emlilweni,
awuyukusha;

ilangabi aliyukukushisa.
Ngokuba Mina nginguSimakade
uNkulunkulu wakho,
oNgcwele ka-Israyeli
uMsindisi wakho."

U-Izaya 43:1-3a

## Uyazi ukuthi uNKulunkulu unenhloso ekhethekile ngaye

### UNkulunkulu waqinisekisa umphrofethi uJeremiya ngenhloso eyehlukile ngempilo yakhe:

Izwi likaSimakade lafika kimi, lathi:

"Ngingakakubumbi esiswini
ngakwazi,
ungakaphumi esibelethweni
ngakungcwelisa,
ngakuqoka ukuba ube ngumphrofethi
ezizweni."

Kepha ngathi: "Awu, Nkosi Simakade! Mina angikwazi ukukhuluma, ngokuba ngisengumfanyana nje."

Kepha uSimakade wathi kimi: "Ungathi kimi ungumfanyana, ngokuba uyakuya kubo bonke engikuthuma kubo, futhi uyakukhuluma konke engikuyala ngakho. Ungabesabi, ngokuba nginawe ukuba ngikophule," kusho uSimakade.

UJeremiya 1:4-8

## Unesiqiniseko ngenhloso yakhe

### Inhloso yakhe ukudumisa uNkulunkulu ngempilo yakhe yonke.

Anazi yini ukuthi abagijimayo bencintisana, bagijima bonke, kodwa munye othola umklomelo na? Gijimani kanjalo, ukuze niwuthole. Bonke abancintisanayo bayazithiba ezintweni zonke; labo bakwenza lokho ukuze bathole umqhele ophelayo, kodwa thina ukuba sithole umqhele ongapheliyo. Ngakho-ke mina ngiyagijima, kungekhona ukuthi kangiqondi; ngiyagadla, kungekhona ukuthi ngishaya umoya. Ngiyawutuba umzimba wami, ngiwenza isigqila, ukuba mina engishumayeza abanye ngingaliwa mina luqobo, kuthiwe angifanele.

1 KwabaseKhorinte 9:24-27

# NAYE UNEMIZWA

**Ukuthi yena uyindoda akusho ukuthi akuzweli kuye. Ukuzwela kwakhe yinto ongeke uyehlukanise nobudoda bakhe. Uzithokozela kakhulu izithelo zempilo. Ngezinye izikhathi, ubuya futhi ahaqwe yimizwa engemihle efana nowokuphatheka kabi, owokudangala noma owokuzenyeza.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Izwi likaNkulunkulu liyamthinta

Abantu lapho bezwa amazwi omthetho, balila kodwa uNehemiya umbusi, no-Ezra umphristi nombhali, nabaLevi ababefundisa abantu bathi kubo: "Ningakhali, ningalili, ngokuba lolu lusuku lungcwele kuSimakade uNkulunkulu wenu."

UNehemiya 8:9

## Inhliziyo yakhe igcwele indumiso

Ngemuva kwezigameko ezinhle ezazimaqondana nokuzalwa kukaJohane uMbhabhadisi, uyise wakhe uZakariya, wamdumisa uNkulunkulu wathi:

"Mayibongwe iNkosi, uNkulunkulu
ka-Israyeli,
ngokuba ibahambele abantu bayo,
yabahlenga.
Yasiphakamisela uphondo
lwensindiso
endlini kaDavide, inceku yayo,
njengalokhu yakhuluma
ngomlomo wabaphrofethi bayo
abangcwele selokhu kwadabuka
umhlaba,
ukusisindisa ezitheni zethu,
nasesandleni sabo bonke
abasizondayo;
ukwenzela okhokho bethu isihawu,
nokukhumbula isivumelwano sayo
esingcwele;
isifungo eyasifunga kubaba
u-Abhrahama,
ukusinika ukuba sikhululwe
esandleni sezitha zethu;
siyikhonze singenakwesaba
ngobungcwele nangokulunga phambi
kwayo,
zonke izinsuku zethu."

NgokukaLuka 1:68-75

## Uzizwa ephoxekile ngaye uqobo lwakhe

**Ngesikhathi sokuma kukaJesu phambi kombusi, uPhethro wayesaba wenza sengathi akamazi uJesu. Kwathi lapho ebuzwa ngokumphika kwakhe uJesu, wazizwa ephoxeke kakhulu ngesenzo sakhe.**

Masinyane, lakhala iqhude. UPhethro wayesekhumbula izwi abelishilo uJesu, lokuthi: "Iqhude lingakakhali, uzakube usungiphike kathathu."

NgokukaMathewu 26:74b-75a

## Ngezinye izikhathi uzibona emncinyane

**Ngezinye izikhathi, kuzwakala sengathi uyimfanaye futhi akafanelwe yilutho empilweni. UMefibhoshethi, nowakhubazeka ngenxa yengozi ngenkathi esengumntwana omncane, wayezizwa ngale ndlela.**

UMefibhoshethi, indodana kaJonathani kaSawule, wafika kuDavide, wakhothama wathi mbo ngobuso. UDavide wathi: "Mefibhoshethi."
Wathi: "Inceku yakho ilapha."
UDavide wayesethi kuye: "Ungesabi, ngokuba ngiyakukwenzela impela umusa ngenxa kaJonathani, uyihlo; ngizokubuyisela lonke izwe likamkhulu wakho, uSawule; uyakudla njalo etafuleni lami."
UMefibhoshethi wakhothama, wathi: "Ibe iyini nje inceku yakho ukuba ungaze uzikhathaze ngenja efileyo enjengami na?"

2 USamuweli 9:6-8

**Yize kunjalo kodwa uyabona ukuthi akudingekile ukuthi azizwe engebalulekile.**

NguWena owenza izinso zami,
wangiphica ngisesesibelethweni
sikamame.
Ngiyakukubonga ngokuba ngenziwa ngokwesabekayo
nangokumangalisayo;
imisebenzi yakho
iyamangalisa,
umphefumulo wami ukwazi kahle.
Amathambo ami ayengafihlekile kuwe
lapho ngenziwa ekusithekeni,
ngibunjwa ezindaweni ezijulileyo
zomhlaba.
Amehlo akho angibona ngiseyihlule,
zonke izinsuku zami zalotshwa
encwadini yakho,
zanqunywa, lungakafiki nolulodwa
kuzo.

Imicabango yakho, Nkulunkulu,
ingamagugu kimi;
bukhulu kangaka ubuningi bayo.

AMahubo 139:13-17

## Uzizwa engenalusizo

**Ngezinye izikhathi kwenzeka izinto angeke akwazi ukuzishintsha, njengokufa kwalowo owakhe othandiweyo. Inkosi uDavide yayidabukile kakhulu uma ithola izindaba zokufa kwendodana yayo eyayingezwa engu-Absalomu.**

Inkosi yathi kumKhushe: “Kuhamba kahle yini ngensizwa u-Absalomu, na?”

UmKhushe wathi: “Izitha zenkosi yami, inkosi, nabo bonke abayivukelayo mababe njengaleyo nsizwa.”

Yayisidabuka kakhulu inkosi, yakhuphukela ekamelweni elingaphezu kwesango, yakhala; isahamba yathi: “Hawu ngendodana yami, u-Absalomu, ndodana yami, ndodana yami Absalomu! Sengathi ngabe kufe mina esikhundleni sakho, Absalomu, ndodana yami, ndodana yami!”

Kwabikelwa uJowabe ukuthi: “Bheka, inkosi iyakhala, ililela u-Absalomu.”

Ukunqoba ngalolo lusuku kwaphenduka isililo kubo bonke abantu, ngokuba abantu bezwa kuthiwa ngalolo lusuku: “Inkosi idabukile ngenxa yendodana yayo.”

Abantu bangena benyenya emzini ngalolo lusuku kungathi banamahloni, ngoba bebalekela impi. Inkosi yamboza ubuso, yakhala ngezwi elikhulu, yathi: “Hawu, ngendodana yami, u-Absalomu, Absalomu, ndodana yami, ndodana yami!”

2 USamuweli 18:32 – 19:4

## Uzwa ubuhlungu bokuhlushwa

Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula wabangwa nezibi. Kwase kufika kuye umphrofethi u-Izaya, indodana ka-Amozi, wathi: “Usho kanje uSimakade, uthi: ‘Lungisa izindaba zendlu yakho ngokuba uzokufa, ngeke uze usinde.’ ”

UHezekiya waphendulela ubuso bakhe obondeni, wakhuleka kuSimakade, wathi “Ngiyakuncenga Simakade ukuba ukhumbule ukuthi ngihambe phambi kwakho ngeqiniso nangenhliziyo epheleleyo, ngenza okuhle emehlweni akho.”

UHezekiya wayesekhala umunyu.

Izwi likaSimakade lafika ku-Izaya, lathi: “Hamba uye kuHezekiya, uthi: ‘Usho kanje uSimakade uNkulunkulu kaDavide, ukhokho wakho, uthi: “Ngiwuzwile umkhuleko wakho, ngizibonile izinyembezi zakho; ngizonezelela iminyaka eli-15 ezinsukwini zakho zokuphila. Ngizokusindisa, wena nalo muzi, esandleni senkosi yase-Asiriya, ngiwuvikele lo muzii.” ’ ”

U-Izaya 38:1-6

## Uphatheka kabi ngenxa yezinto ezenzeka kuye

Lapho uDavide nabantu bakhe befika emzini, bheka, wawushiswe ngomlilo; omkabo, amadodana abo, namadodakazi abo bethunjiwe. UDavide nabantu ababenaye badazuluka, bakhala, baze baphelelwa ngamandla okulila. Bobabili omkaDavide, u-Ahinohama waseJizreyeli no-Abhigayili, umkaNabali waseKharimeli, babethunjiwe. UDavide wayekhathazekile kakhulu, ngoba abantu base bebhunga ngokumkhanda ngamatshe, lokhu izinhliziyo zabo bonke abantu zazinomunyu, ngenxa yamadodana namadodakazi abo. Kepha uDavide wathola amandla kuSimakade uNkulunkulu wakhe.

1 USamuweli 30:3-6

# UYASEBENZA

**Uyindoda enezibopho ezininingi. Uzinikele emsebenzini kanye nasekhaya. Usebenzisa isikhathi esiningi kanye namandla akhe onke akha umsebenzi wakhe, kanti futhi uyasiza nasekhaya.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Uyakuqonda ukuthi uNkulunkulu umnike umyalelo wokuthi asebenze

USimakade uNkulunkulu watshala insimu yezithelo e-Edeni ngasempumalanga, wambeka khona umuntu ayembumbile. USimakade uNkulunkulu watshala zonke izinhlobo zezihlahla ezibukekayo ukuba zithele izithelo ezinhle ezidliwayo. Phakathi naleyo nsimu kwakumile umuthi wokuphila, nomuthi wokwazi ukwehlukanisa okuhle nokubi.

USimakade uNkulunkulu wabeka umuntu ensimini yase-Edeni ukuze ayilime, futhi ayilinde.

IGenesisi 2:8-9,15

UNkulunkulu uphinda futhi amyalele ukuba anake indalo.

Wababusisa, wathi: “Zalanani nande, nigcwalise umhlaba; niwubuse. Nibuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, naphezu kwezinyoni zezulu, nazo zonke izilwane ezinwabuzela emhlabeni.”

IGenesisi 1:28

## Uyakwamukela ukuthi umsebenzi uyinhlanhla

Akukho okungcono okungenziwa ngumuntu ngaphandle kokuthi adle, aphuze, aneliseke ngomsebenzi wakhe. Nalokho futhi ngakubona ukuthi kuvela esandleni sikaNkulunkulu, ngokuba ngaphandle kwakhe, ngubani ongadla noma athokoze na?

UMshumayeli 2:24-25

## Uyazi ukuthi uNkulunkulu ulindele ukuthi asebenze kanzima

Kepha bazalwane, siyaniyala egameni leNkosi yethu uJesu Khristu ukuba nibagweme abazalwane abangamavila, abangawulandeli umyalo enawemukela kithi. Ngokuba nina luqobo niyazi ukuthi kubaluleke kanjani ukuba nisilingise, ngokuba asizange sibe ngabavilaphayo lapho sinani. Asidlanga sinkwa samuntu ngesihle, kodwa sazikhandla, sisebenza kanzima ubusuku nemini, ukuba singabi mthwalo kumuntu, hhayi ngoba sasingenalo ilungelo lalokho, kodwa ukuze sibe yisibonelo kini sokuba nani nisilingise. Ngokuba nangesikhathi sisenani, saniyala ngalokhu, sathi: “Uma umuntu engathandi ukusebenza, makangadli.”
Ngokuba siyezwa ukuthi abanye benu bangamavila, behla benyuka bengenzi noluncі, kodwa bezigaxa ezindabeni zabanye. Kulabo abanjalo, siyabayala,

futhi siyabakhuthaza eNkosini uJesu Khristu ukuba basebenze ngokuthula, badle esabo isinkwa.

2 KwabaseThesalonikha 3:6-12

## Umatasatasa kakhulu, futhi kufanele afunde ukunika abanye abantu imisebenzi okumele bayenze

Ngakusasa uMose wahlalela ukwehlulela abantu, abantu bema ngakuMose kusukela ekuseni kwaze kwaba kusihlwa. Umukhwe kaMose wakubona konke lokhu ayekwenzela abantu, wathi kuye: "Kuyini lokhu obenzela khona abantu na? Kungani uhlale wedwa, uzungezwe ngabantu kusukela ekuseni kuze kuhlwe na?"

UMose wathi kumukhwe wakhe: "Kungokuba abantu beza kimi ukuzobuza okushiwo nguNkulunkulu. Uma kunodaba phakathi kwabo, beza kimi ukuba ngahlulele phakathi komuntu nomakhelwane wakhe, bese ngibatshela imithetho nezimiso zikaNkulunkulu."

Umukhwe kaMose wathi kuye: "Lokhu okwenzayo akukuhle. Uzozikhandla uzikhathaze wena nalaba bantu onabo, ngokuba lo msebenzi mkhulu kakhulu kunawe, awunakukwazi ukuwenza uwedwa. Manje ngilalele, ngizokweluleka, uNkulunkulu abe nawe. Ufanele ukukhulumela abantu phambi kukaNkulunkulu, ulethe izindaba zabo kuNkulunkulu; bafundise izimiso nemithetho, ubenze bayiqonde indlela okumele bahambe ngayo, nomsebenzi okufanele bawenze. Zifunele phakathi kwabo amadoda ahloniphekile, amesabayo uNkulunkulu, amadoda athembekile, akuzondayo ukuthola inzuzo ngokungalungile, uwabeke abe yizinduna zezinkulungwane, zamakhulu, zama-50, nezeshumi. Makube yibona abehlulela abantu ngezikhathi zonke; balethe kuwe zonke izindaba ezinkulu, kodwa amacala amancane mawanqunywe yibo, ukuze bawenze ube lula umthwalo wakho, bathwalisane nawe. Uma ukwenza lokhu, noNkulunkulu ekuyala kanjalo, uyokwazi ukuma, nabantu bonke babuyele emizini yabo benokweneliswa."

UMose wamlalela umukhwe wakhe, wakwenza konke ayekushilo. UMose wakhetha amadoda anekhono phakathi kwabakwa-Israyeli, wawabeka aba yizinduna zabantu, aba yizinduna phezu kwezinkulungwane, phezu kwamakhulu, phezu kwama-50, naphezu kweshumi. Zehlulela abantu ngezikhathi zonke. Amacala anzima zaziwedlulisela kuMose. Zonke izindaba ezilula zehlulelwa yizo.

I-Eksodusi 18:13-26

## Ngezinye izikhathi ubhekana nomqansa wokudonsisana nokuphikisana emsebenzini

Kwathi sekwedlule izinsuku ezithile, uPawula wayesethi kuBharnabha: "Ake sibuyele emuva, sihambele abazalwane kuyo yonke imizi ngamunye esesishumayele kuyo izwi leNkosi, sibone ukuthi bahlezi kanjani."

UBharnabha yena wanquma ukuhamba noJohane okuthiwa uMakhu. Kepha uPawula waqinisa ukuthi akufanele bahambe nalowo owabashiya ePhamfiliya, akaze ahamba nabo ukuyosebenza. Kwaba khona ukuphikisana okunzima, baze bahlukana: uBharnabha wahamba noMakhu, wawelela naye eKhuphro ngomkhumbi.

UPawula wazikhethela uSila, bahamba benikelwe emseni weNkosi ngabazalwane.

IZenzo 15:36-40

## Unika uNkulunkulu udumo ngempumelelo yakhe

Ngemuva kokuba uNkulunkulu esehole abantwana bakwa-Israyeli bawela uLwandle oluBomvu baphumela emhlabathini wabe eseshabalalisa impi yaseGibhithe olwandle, abantwana bakwa-Israyeli bamkhonza uNkulunkulu.

UMose nabantu bakwa-Israyeli bahuba leli hubo kuSimakade, bathi:

"Ngizohlabelela kuSimakade,
ngokuba uphakeme kakhulu,
ihhashi nomgibeli walo ukuphonse olwandle.
USimakade ungamandla ami nesivikelo sami,
uyinsindiso yami,
lona nguNkulunkulu wami,
ngizokumtusa,
nguNkulunkulu kababa,
ngizokumphakamisa.
USimakade uyindoda yempi,
nguSimakade igama lakhe."

I-Eksodusi 15:1-3

## Uhlala ethembekile kwimigomo kaNkulunkulu

Akayivumeli impumelelo yakhe ukuba imngene ekhanda imdunge umqondo. Lapho kufika isilingo singqongqoza emnyango wakhe, akangabazi ukuthi kufanele enze njani. Uma lapho emi khona, aqhubeke nokwethembeka enza lokhu uNkulunkulu akulindele kuye.

Inkosi yakhe yabona ukuthi uNkulunkulu unaye, nokuthi uNkulunkulu uyakuphumelelisa konke akwenzayo, ngakho-ke uJosefa wafumana umusa phambi kwayo, waba yinceku yayo; yamenza waba ngumphathi wendlu yayo, wengamela konke eyayinakho. Kusukela ngaleso sikhathi eyambeka ngaso, waba ngumphathi wendlu yayo, nakho konke eyayinakho; uSimakade wawubusisa umuzi walowo mGibhithe, nakho konke ayenakho. Isibusiso sikaSimakade sasiphezu kwakho konke uPotifari ayenakho endlini nasemasimini. Ngakho-ke uPotifari wakubeka konke ayenakho esandleni sikaJosefa, akabe esazihlupha ngalutho, ngaphandle kokudla okwakufanele akudle.

UJosefa wayeyigeza, enesiqu, ebukeka kahle.

Emveni kwesikhathi umkaPotifari wamkhanuka, wathi kuye: "Lala nami."

Kepha uJosefa wenqaba, wathi enkosikazini yomphathi wakhe: "Umphathi wami akakhathazeke ngalutho endlini yakhe, futhi ukunikele konke ezandleni zami. Akamkhulu kule ndlu kunami, futhi akukho angigodlele khona ngaphandle kwakho, ngenxa yokuba ungumkakhe. Ngingakwenza kanjani-ke okubi kangaka, ngone kuNkulunkulu na?"

Nakuba umkaPotifari wayembelesela uJosefa imihla ngemihla, kodwa akavumanga ukulala naye, noma abe ndawonye naye.

IGenesisi 39:3-10

# WENZA UMEHLUKO

**Uyindoda efuna ukubamba iqhaza emphakathini. Akesabi ukuzifaka engcupheni. Wenza ukuthi izwi lakhe lizwakale kanti, ngokwenza njalo, wenza ukuthi leli zwe libe yindawo engcono esingaphila kuyo. Uthole ubizo lwakhe luvela kuNkulunkulu, kanti futhi ulusebenzisa ngenhliziyo yakhe yonke.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Unesibindi sokwenza okuthile okuzosisa umphakathi wakhe

Ngenyanga uNisani, ngonyaka wama-20 wokubusa kwenkosi u-Arithahishashitha, iwayini liphambi kwenkosi, ngalithunga ngalinika inkosi. Ngangingakaze ngibe ngodangele phambi kwayo. Inkosi yathi kimi: "Kungani ubuso bakho budangele wena ube ungaguli na? Lokhu kufanele kube ngukudangala okuvela enhliziyweni."

Ngesaba kakhulu. Ngaphendula ngathi enkosini: "Mana njalo, nkosi! Kungenzeka kanjani ukuba ubuso bami bungadangali, lapho umuzi oyindawo yamathuna okhokho uyincithakalo, namasango awo eshiswe ngomlilo na?"

Inkosi yathi kimi: "Ukhala ngani na?"

Ngase ngikhuleka kuNkulunkulu wezulu. Ngathi enkosini: "Uma kukuhle emehlweni akho nkosi, nengikucelayo kwemukeleka kuwe, ngicela ukuba ungithumele kwaJuda, emzini wamathuna obabamkhulu, ukuba ngiyowakha kabusha."

Inkosi yathi kimi, nendlovukazi ihlezi eduze kwayo: "Uyohamba isikhathi esingakanani, futhi ubuye nini na?"

Kwayithokozisa inkosi, yase ingivumela, nganquma isikhathi engiyobuya ngaso.

UNehemiya 2:1-6

## Uyalimela iqiniso

Uyakumela lokho akholelwa kukho futhi akesabi ukumela iqiniso, ngisho noma ngabe ababusi bakhe abahambisani nalokho. Ngisho noma ephikisana nemibono yabanye abantu, kodwa uhlala njalo ezithobile. UDaniyeli, umthenwa wenkantolo yenkosi yamaKhaledi, wema wabambelela emithethweni kaNkulunkulu ephikisana nemiyalelo yenkosi uqobo lwayo.

Inkosi yakhuluma ku-Ashiphenazi, induna yabathenwa bayo, ukuba athathe kubantu bakwa-Israyeli abozalo lwenkosi nezikhulu, abalethe kuyo. Aqoke abafana abangenasici, ababukeka kahle, abanengqondo ekuhlakanipheni konke, abanolwazi ekwazini, abanokuqonda ekwazini, abanamandla okukhonza endlini yenkosi; abafundise izincwadi nolimi lwamaKhaledi. Inkosi yabamisela isabelo semihla ngemihla sokudla kwenkosi nesewayini

eliphuzayo, ukuba bondliwe iminyaka emithathu; kuyakuthi ngasekugcineni kwayo, bame phambi kwenkosi.

Kulabo kwakukhona abantu bakwaJuda: uDaniyeli, uHananiya, uMishayeli, no-Azariya. Induna yabathenwa yabaqamba amagama; uDaniyeli yamqamba ngokuthi uBhelitheshazari, uHananiya waba nguShadiraki, uMishayeli waba nguMeshakhi, no-Azariya waba ngu-Abhedi Nego.

Kepha uDaniyeli wazimisela enhliziyweni yakhe ukuba angazingcolisi ngesabelo sokudla kwenkosi nangewayini eliphuzayo; wayesecela enduneni yabathenwa ukuba angazingcolisi.

UDaniyeli 1:3-8

## Uba ngaphezu kokungalungile

Uyathethelela. UStefani, owaba yikholwa lokuqala ukufela inkolo kaKhristu, wakhandwa ngamatshe ngamaJuda ngoba wayeshumayela iVangeli ngokungesabi. Kwathi ngamazwi akhe okugcina, wanxusa uNkulunkulu ukuba angababaleli isono sokumbulala ababulali bakhe.

Bekuzwa lokho, bahlabeka ezinhliziyweni, bamgedlela amazinyo. Kepha yena, egcwele uMoya oNgcwele, wagqolozela ezulwini, wabona inkazimulo kaNkulunkulu, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, wathi: “Bheka, ngibona izulu livuliwe, neNdodana yomuntu imi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.”

Base bekhamuluka ngezwi elikhulu, bavala izindlebe, bamthelekela kanyekanye, bamkhiphela ngaphandle komuzi, bamkhanda ngamatshe. Ofakazi babeka izingubo zabo ngasezinyaweni zensizwa ogama layo kuthiwa nguSawula.

UStefani bamkhanda ngamatshe, yena ekhuleka, ethi: “Nkosi uJesu, yemukela umoya wami.”

Wayeseguqa phansi, wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: “Nkosi, ungababaleli lesi sono.”

Esekushilo lokho walala ubuthongo.

IZenzo 7:54-60

Akaphindiseli. Ngaphandle kwesizathu, inkosi uSawule yayifuna ukubulala uDavide owayesemncane ngaleso sikhathi. Langa limbe uDavide waba nethuba elihle kakhulu lokuqeda nya ngoSawule. USawule wayengene emhumeni ngokwakhe. Ukuba wayethanda, uDavide wayengakwazi ukuqeda nya ngoSawule owayengasole lutho nowayelapho naye wayecashe khona endaweni yakhe emhumeni omnyama. Kodwa uDavide wenqaba ukuziphindiselela kwisitha sakhe. Kwathi lapho engabonwa, uDavide wasika isicucu sengubo kaSawule, kanti ngokwenza njalo, wayezibonisa ukuthi yena akanacala. Kwathi ngokuhamba kwesikhathi uDavide waqonda kuSawule wafike wakhuluma naye ngalokho ayekwenzile.

“Uwalaleleleni amazwi abekhulunywa ngabantu abathi: ‘Bheka, uDavide ufuna ukukulimaza’? Uyabona-ke, namuhla uzibonele ngawakho amehlo

ukuthi uSimakade ubekunikele esandleni sami emgedeni. Abanye bathe mangikubulalale, kepha ngakuhawukela, ngathi: ‘Angisoze ngiyibulalale inkosi yami, ngokuba ingogcotshiweyo kaSimakade.’ Futhi-ke baba, awubheke nanku umphetho wengubo yakho esandleni sami ngokuba ngiwusikile, angikubulalalanga. Yazi, ubone ukuthi akukho nhloso embi kimi ngawe; angikonanga ngalutho, kodwa nguwe ozingela impilo yami ukuze ungibulalale. USimakade makehlulele phakathi kwami nawe; uSimakade angiphindiselele kuwe, kodwa isandla sami asiyukuba phezu kwakho. Kunjengesaga sasendulo esithi: ‘Kwababi kuvela ububi,’ yingakho-ke nje isandla sami singeke sikubulalale.

“Inkosi yakwa-Israyeli iphumele ukulandela bani na? Uxosha bani? Ukuhubha inja efileyo, intwakumba eyodwa nje. USimakade makabe ngumehluleli, ehlulele phakathi kwami nawe, abheke, angimele, angikhulule esandleni sakho.”

Kwathi uDavide eseqedile ukukhuluma lawo mazwi kuSawule, uSawule wathi: “Ngabe yizwi lakho leli, ndodana yami, Davide, na?”

USawule wadazuluka, wakhala.

1 USamuweli 24:9b-16

# UNGUMHOLI NGOKOMOYA

**Uzimisele ukuhola ngokukamoya uma kudingeka ukuba enze njalo. Akasiyena umfundisi, kepha uyalalela uma uNkulunkulu embizela ebufakazini, ukusiza labo abadinga ukwelekelelwa ngokukamoya, futhi ahole abantu ababuyisele kuNkulunkulu. Ulalela uNkulunkulu futhi udlala indima yakhe eBandleni.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Uzimisele ngokusabela eze ngaphambili uma uNkulunkulu embiza

UNkulunkulu wabona ukuthi umhlaba wonakele, ngokuba bonke abantu babeziphethe kabi emhlabeni.

UNkulunkulu wathi kuNowa: "Senginqume ukubabhubhisa bonke abantu, ngoba umhlaba ugcwele ubudlova ngenxa yabo. Bheka, ngizobabhubhisa nomhlaba. Wena zakhele umkhumbi ngezingodo zomgoferi, uwakhe ube namakamelo, uwubhixe ngebhithumeni ngaphakathi nangaphandle."

UNowa wakwenza konke lokho uNkulunkulu ayemyale ukuba akwenze.

IGenesisi 6:12-14,22

## Ukhuthaza abantu abasha ukuthi bame ekukholweni

UPawula, umphostoli kaKhristu uJesu, ngokomyalo kaNkulunkulu uMsindisi wethu nokaKhristu uJesu ithemba lethu, KuThimothewu, umntanami isiminya okholweni: makube kuwe umusa, ububele nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuKhristu uJesu iNkosi yethu.

Thimothewu mntanami, ngikunika lo myalo njengokweziphrofetho ezandulelayo ngawe, ukuze ngazo ulwe ukulwa okuhle, unokukholwa nonembeza omuhle, abanye abakulahlile, bafelwa ngumkhumbi wabo wokukholwa, kulabo kukhona uHimenewu no-Aleksandru, engibanikele kuSathane, ukuze bayalwe ukuba bangahlambalazi.

1 KuThimothewu 1:1-2,18-20

## Uyalimela iqiniso ezindabeni zikamoya

Umphostoli uPawula wakhuluma kakhulu ephikisana ngokudukisa kwamanye amakholwa awayeseqalile enza okuphambene neqiniso leVangeli.

Kepha lapho uKhefase efika e-Antiyokhe, ngamelana naye ubuso nobuso, lokhu wayenecala. Ngokuba bengakafiki abanye ababevela kuJakobe, wayedla nabezizwe, kodwa lapho sebefikile, wamonyuka, wazehlukanisa nabo, ngokuba esaba abokusoka. Nabanye abaJuda bazenzisa njengaye, noBharnabha waze wathatheka ngokuzenzisa kwabo.

Kepha lapho ngikubona lokhu ukuthi abahambi ngokufanele iqiniso levangeli, ngathi kuKhefase phambi kwabo bonke: "Uma wena ungumJuda uziphatha njengowezizwe, hhayi njengokwabaJuda, pho baphoqelwani abezizwe ukuba baphile njengabaJuda na?"

KwabaseGalathiya 2:11-14

## Uhlomisa abanye ngeqiniso leVangeli

UmJuda othile, ogama lakhe kungu-Apholo, wase-Aleksandriya ngokudabuka, indoda efundile futhi enolwazi olunzulu emibhalweni, wafika e-Efesu. Yena wayeyifundisiwe indlela yeNkosi, evutha emoyeni, wakhuluma, wafundisa ngokucacile ngezindaba eziqondene noJesu, kodwa wayazi kuphela umbhabhadiso kaJohane. Waqala ukushumayela ngesibindi esinagogeni, kwathi ukuba bamuzwe oPhrisila no-Akhwila, bamthatha bamcacisela kahle indlela kaNkulunkulu.

IZenzo 18:24-26

## Yena nomndeni wakhe bayisibonelo esihle sokuzinikela kuNkulunkulu

“Manje mesabeni uSimakade, nimkhonze ngobuqotho nangeqiniso, nibasuse onkulunkulu ababekhonzwa ngokhokho besengaphesheya komfula naseGibhithe, nikhonze uSimakade. Uma kukubi emehlweni enu ukukhonza uSimakade, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza, noma ngonkulunkulu ababekhonzwa ngokhokho benu besengaphesheya komfula, noma ngonkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo, kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uSimakade.”

UJoshuwa 24:14-15

## Ulandela uNkulunkulu kuze kube sekupheleni

**Njengoba impilo yakhe yayisiya ngasekupheleni, umphostoli uPawula wayesakwazi ukubhala:**

Ngokuba mina sengivele ngiyanikelwa, nesikhathi sokumuka sesifikile. Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiliqedile ibanga, ngikugcinile ukukholwa; manje sengibekelwe umqhele wokulunga eyakungipha wona ngalolo lusuku iNkosi, umehluleli olungileyo, kungeyimi ngedwa, kodwa bonke abakuthandile ukubonakala kwayo.

2 KuThimothewu 4:6-8

## Ushiya ngemuva igama elihle langokukamoya

Kodwa wena walandela ngokucophelela imfundiso yami, ukuziphatha, umgomo, ukukholwa, ukubekezela, uthando, ukuhlupheka, ukuhlushwa nezinhlupheko ezangehlela e-Antiyokhiya, e-Ikhoniyu naseListra. Izinhlupheko engazihluphekayo, ngazibekezelela, iNkosi yangikhulula kukho konke. Yebo, bonke abathanda ukuphila ngokumesaba uNkulunkulu bekuKhristu uJesu, bayakuzingelwa. Kepha abantu ababi nabakhohlisi bazakudlebeleka ebubini, badukise, njengokuba bedukisiwe. Kodwa wena bambelela kulokho okufundile nowakukholwa, wazi ukuthi ukufunde kobani, nokuthi kwasebuntwaneni wayazi imibhalo engcwele, enamandla okuhlakaniphisa, kube yinsindiso ngokukholwa kuKhristu uJesu.

2 KuThimothewu 3:10-15

# NGEZINYE IZIKHATHI UYAHLUSHWA

**Uyakuqaphela ukuthi akusiyona yonke into ehamba kahle empilweni yakhe. Naye uyalimala uma kwenzeka izinto ezingezinhle kuye, kwesinye isikhathi lezo zinto zenzeka ngenxa yokwehluleka kwakhe ukukhetha kahle. Kodwa futhi kubuye kube nezimo ezimlimazayo naye angeke akwazi ukuzilawula. Ngezinye izikhathi ukuthola kunzima ukwehlukana nemuva lakhe, kodwa ngesikhathi esifanayo uyakwazi ukukhuluma noNkulunkulu mayelana nokuhlushwa kwakhe futhi abhekane nobuhlungu bakhe. Bese ebona-ke ukuthi usengaqala kabusha, naphezu kwazo zonke izinto okungenzeka ukuba zenzekile kuye phambilini.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Nakuba emkhonza uNkulunkulu, izinto ezingezinhle zisenzeka nakuye

Kwathi ngolunye usuku, lapho amadodana namadodakazi kaJobe edla, ephuza iwayini endlini yezibulo lakhe, kwafika isigijimi kuJobe, sathi: “Izinkabi bezilima, izimbongolo ziklabe eduze nazo, ngesikhathi kufika amaShebha akuthumba, abulala izinceku ngenkemba; yimina nje ngedwa engiphunyulile, ukuze ngizokubikela.”

Sisakhuluma, kwafika esinye, sathi: “Kwehle umlilo kaNkulunkulu uvela ezulwini, washisa izimvu nezinceku, wakuqothula; yimina nje ngedwa engiphunyulile, ukuze ngizokubikela.”

Sisakhuluma, kwafika esinye, sathi: “AmaKhaledi enze amaviyo amathathu, ahlasela, athumba amakameli, abulala izinceku ngenkemba; yimina nje ngedwa engiphunyulile, ukuze ngizokubikela.”

Sisakhuluma naleso kwafika esinye, sathi: “Amadodana namadodakazi akho abedla, ephuza iwayini endlini yendodana yakho endala, kwase kufika esikhulu isishingishane sivela ngasehlane, sawashaya omane amagumbi endlu, yawela phezu kwabantwana, bafa ujuqu. Yimina nje ngedwa engiphunyulile, ukuze ngizokubikela.”

UJobe wayesesukuma, waklebhula isembatho sakhe, waphuca ikhanda lakhe, wawela emhlabathini, wakhuleka, wathi:

“Ngaphuma ngize
  esizalweni sikamame,
futhi ngizobuyela
  khona ngize.
USimakade usisile,
uSimakade usethathile;
malibongwe igama likaSimakade.”

Sekwenzekile konke lokhu uJobe akazange one, akamthelanga ngehlazo uNkulunkulu.

UJobe 1:13-22

## Uhlaselwa yisifo esingelapheki

Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula; kwakwembulwa kwembeswa. Kwafika kuye u-Izaya, umphrofethi, indodana ka-Amose, wathi kuye: "Usho kanje uSimakade, uthi: 'Yaleza endlini yakho, ngokuba awuyukusinda, uyakufa nokufa.' "

2 AMakhosi 20:1

**Uthatha ubuhlungu bakhe abubhekise eNkosini.**

Waphendula ubuso bakhe, wabheka ngasodongeni, wakhuleka kuSimakade, wathi: "Simakade, ngiyakuncenga, ake ukhumbule ukuthi ngihambile phambi kwakho ngeqiniso, nangenhliziyo epheleleyo, ngenza okuhle phambi kwakho."

UHezekiya wadazuluka wakhala kakhulu.

2 AMakhosi 20:2-3

## Uhlushwa ngenxa yezinqumo ezingafanele ezathathwa yingane yakhe

**U-Isaka noRibheka babengathokozile neze mayelana nabafazi ababili u-Esawu ayebathathile.**

U-Esawu wakhula waze wahlanganisa iminyaka engama-40. Wayeseganwa nguJudithi, indodakazi kaBheri, umHithi, noBhasematha indodakazi ka-Eloni, umHithi. Labo malokazana baletha olukhulu usizi emphefumulweni ka-Isaka noRibheka.

IGenesisi 26:34-35

## Izinto azenzile phambilini ziyamlandela

**UMose wasuka endlini yenkosi wabona ukuthi abantu bakhe babehlushwa kanjani ngaphansi kwamaGibhithe. Langa limbe wahlangana nowaseGibhithe ehlupha omunye wabo. Ngokucasuka okukhulu, uMose wambulala owaseGibhithe wagqiba umzimba wakhe esihlabathini.**

Ngakusasa lapho ephuma, nanka amadoda amabili amaHebheru elwa; wayesethi kuleyo ndoda eyayonile: "Umshayelani umfowenu na?"

Yaphendula yathi: "Ngubani okubeke inkosi nomehluleli phezu kwethu na? Ufuna ukungibulala njengalokhu ubulele umGibhithe na?"

UMose wayesesaba, wacabanga wathi: "Impela lokhu sekuyaziwa."

Lapho uFaro esezwile ngalokho wafuna ukumbulala uMose.

Kepha uMose wabaleka phambi kukaFaro, wayohlala kwaMidiyani, wahlala phansi eduze komthombo.

Kwakukhona umphristi kwaMidiyani owayenamadodakazi ayisikhombisa; eza ezokukha amanzi, ukuba agcwalise imikhombe ukuze imfuyo kayise iphuze.

I-Eksodusi 2:13-16

## Kunobuthakathaka empilweni yakhe

**Lobu buthakathaka bumlethela ubuhlungu kodwa uyalwisana nabo ngomusa kaNkulunkulu.**

Ngakho-ke ukuze ngingaziphakamisi kakhulu, nganikwa iva emzimbeni, ukuba ingelosi kaSathane ingimukule, funa ngiziphakamise kakhulu. Mayelana nalokhu, ngayinxusa iNkosi, amahlandla amathathu, ukuba ilisuse kimi. Kodwa yathi kimi: "Umusa wami ukwanele, ngokuba amandla ami ayapheleliswa ebuthakathakeni."

Ngakho-ke kunalokho ngiyakujabulela ukuzigabisa ngobuthakathaka bami, ukuze amandla kaKhristu ahlale phezu kwami. Ngalokho ngiyathokoza ebuthakathakeni bami, ekwedelelweni, ebunzimeni, ekuhlushweni, nasebunzimeni bonke ngenxa kaKhristu, ngokuba uma ngibuthakathaka, kulapho-ke nginamandla khona.

2 KwabaseKhorinte 12:7b-10

## Ngezinye izikhathi uzizwa enesizungu futhi engenamandla

Nkulunkulu wami,
Nkulunkulu wami,
ungishiyeleni na?
Ukude namazwi
  okububula kwami
nokusindiswa kwami.
Nkulunkulu wami,
ngikhala emini,
kepha awuphenduli,
nasebusuku, ngingabi nakuthula.

Kepha Wena ungoNgcwele,
uhlezi ezibongweni zika-Israyeli.

Ungabi kude nami,
ngokuba inhlupheko iseduze,
akekho ongisizayo.

Ngihaqwe yizinkunzi zaseBhashani
  eziningi, ezinamandla, zingizungezile.
Zingikhamisele imilomo yazo
njengebhubesi elibhodlayo nelidwengulayo.
Ngichithiwe njengamanzi;
kuxega wonke amalungu ami.

Inhliziyo yami incibilika
njengengcina ezibilini zami.
Umlomo wami wome njengodengezi,
ulimi lunamathele olwangeni;
ungilalise othulini lokufa.

AMahubo 22:1-3,11-15

## Kodwa uyakuqonda ukuthi uNkulunkulu uzophinda amsize futhi

Ngiphakamisela amehlo ami ezintabeni,
usizo lwami luyakuvelaphi na?
Usizo lwami luvela kuSimakade,
owenzile izulu nomhlaba.

Akayukuluvumela unyawo lwakho lushibilike;
okulondayo akozeli.
Impela olonda u-Israyeli akozeli,
futhi akalali.

USimakade ungumvikeli wakho,
uSimakade ungumthunzi wakho
ngasesandleni sakho sokunene.
Ilanga aliyukukushaya emini,
nenyanga ebusuku.

USimakade uzokuvikela kukho konke okubi,
awugcine umphefumulo wakho.
USimakade uyolondoloza ukuphuma kwakho
nokungena kwakho,
kusukela manje kuze kube phakade.

AMahubo 121:1-8

## Uyazi ukuthi usengakwazi ukuqala kabusha, yize enemuva elingelihle

UNkulunkulu wambizela empilweni entsha uPawula, naphezu kokuba wayehluphe iBandla likaKhristu Jesu. UPawula wafakaza esithangamini ngalokhu phambi kwenkosi u-Agripha:

"Kwathi ngiya eDamaseku ngegunya nangemvume yabaphristi abakhulu, emini bebade, nkosi, ngisendleleni, ngabona ukukhanya okuvela ezulwini, okwedlula ngisho ukukhazimula kwelanga, kwangikhanyisa nxazonke kanye nababehamba nami. Kwathi sonke sesiwe phansi emhlabathini, ngezwa izwi lithi kimi ngolimi lwesiHebheru: 'Sawula, Sawula, ungihluphelani na? Kulukhuni kuwe ukukhahlela ezinkandini.'

"Kepha ngathi: 'Ungubani, Nkosi, na?' INkosi yathi: 'Mina nginguJesu omhluphayo. Sukuma ume ngezinyawo zakho, ngokuba ngibonakele kuwe ukuze ngikubeke ube yisikhonzi nofakazi walokhu, wokuthi ungibonile nowalokho

engizakuzibonakalisa kuwe ngakho. Ngizakukusindisa esizweni sakini nakwabezizwe engikuthumela kubo, ukuze uvule amehlo abo basuke ebumnyameni, baphendukele ekukhanyeni, basuke emandleni kaSathane, baphendukele kuNkulunkulu, baze bamukeliswe ukuthethelelwa kwezono nesabelo phakathi kwalabo abangcweliswe ngokukholwa kimi.' "

"Ngalokho, nkosi Agripha, angizange ngingawulaleli umbono wasezulwini."

IZenzo 26:12-19

## Uyazi ukuthi uNkulunkulu unaye ngaso sonke isikhathi, ngisho noma ehlushwa

**UJosefa wabuzwa ubukhona bukaNkulunkulu, ngisho noma wayesolwa kungafanele futhi wafakwa etilongweni.**

Esewezwile amazwi akhulunywe ngumkakhe, ethi: "Ingiphathe kanjalo inceku yakho," wathukuthela wagana unwabu. Umphathi wamthatha uJosefa, wamgquma ejele, lapho kwakuvalelwa khona iziboshwa zenkosi.

USimakade wayenaye uJosefa, wamenzela umusa, waba nogazi kumphathijele. Umphathijele wambeka uJosefa waba yinduna yabo bonke ayevalelwe nabo, kubuzwa kuye konke okwakwenzeka lapho. Umphathijele akabange esazikhathaza ngalutho, ngokuba konke kwakusesandleni sikaJosefa, futhi uSimakade wayemphumelelisa kukho konke akwenzayo.

IGenesisi 39:19-23

## Yize ehlushwa, kepha uyazi ukuthi uNkulunkulu unecebo elikhulu kakhulu ngempilo yakhe

**Naphezu kokuhlukunyezwa okwenziwa ngabafowabo bakaJosefa kuye, wayethi uma ebheka emuva asibone isandla sikaNkulunkulu empilweni yakhe.**

UJosefa wathi kubafowabo: "NginguJosefa. Ubaba usaphila na?"

Abafowabo abakwazanga ukumphendula, ngoba babethuke kakhulu.

UJosefa wathi kubafowabo: "Sondelani kimi."

Basondela, wayesethi kubo:

"NginguJosefa umfowenu, enathengisa ngaye eGibhithe. Manje ningabe nisakhathazeka, futhi ningazisoli ngokuthi nangidayisa, ngokuba nguNkulunkulu owangithumela ukuba nginandulele ukuze ngilonde impilo. Niyayibona le ndlala ekhona ezweni isathathe iminyaka emibili, isazoqhubeka eminye emihlanu kungalinywa, kungavunwa. UNkulunkulu wangithuma ukunandulela ukuze nibe yinsali emhlabeni, nisindiswe, kukhululwe abaningi. Ngakho-ke akunina enangithuma lapha, kodwa nguNkulunkulu ongenze uyise kaFaro, nombusi ophethe endlini yakhe, naphezu kwezwe lonke iGibhithe."

IGenesisi 45:3-8

## Udumisa uNkulunkulu naphezu kokuhlushwa kwakhe

### UPawula noSila bahlushwa ngoba babeshumayela iVangeli likaKhristu Jesu.

Isixuku sabavukela, izinduna zayalela ukuba bakhunyulwe izingubo, bashaywe ngezinduku. Sebebashayile imivimbo eminingi, bagqunywa etilongweni. Izinduna zayala umgciniziboshwa ukuba abaqaphelisise impela. Kwathi eseyalwe kanjalo, qede wabafaka ejele elingaphakathi, wabophela izinyawo zabo ogongolweni.

Kepha phakathi nobusuku uPawula noSila bekhuleka bedumisa uNkulunkulu ngamahubo, iziboshwa zazibalalele.

IZenzo 16:22-25

# UHLALELA ETHEMBENI

**Phakathi kokudideka kanye nezinhlupheko zempilo, ubambelele ethembeni lokuthi uNkulunkulu uyahlinzeka. Uyakwazi ukubuka edlule izimo abhekene nazo futhi uhlala njalo enethemba ngoba uyazazi ukuthi yena ungokaKhristu, ekufeni nasekuphileni, ngakho-ke unekusasa.**

**Bese wena uthola ukuthi: Ngiyindoda!**

## Uyazi ukuthi, ngoNkulunkulu, angakwazi ukubhekana nekusasa

Yize ikusasa lingaziwa futhi ngezinye izikhathi lethusa, kepha yena uyazi ukuthi ikusasa lakhe lisezandleni zikaNkulunkulu. Ngisho noma ngabe yikuphi lapho izindlela zempilo zimholela khona, uyazi ukuthi uNkulunkulu uyohlala ekhona njalo enaye eceleni kwakhe.

UMose wambiza uJoshuwa, bebuka bonke abantu bakwa-Israyeli, wathi kuye: "Qina, ume isibindi, ngokuba uyakuhamba nalaba bantu uye ezweni uSimakade afunga kokhokho babo ukubanika lona. Nguwena oyakwenza ukuba balidle ifa lalo. USimakade nguye ohamba phambi kwakho; uyakuba nawe; akayukukulahla, akushiye; ungesabi, ungashaywa luvalo."

IDutheronomi 31:7-8

Ngokukholwa, u-Abhrahama walalela ebizwa ukuba aphume aye endaweni abezakuyamukeliswa, ibe yifa lakhe; waphuma engazi lapho eya khona. Ngokukholwa, waba ngumfokazi ezweni lesithembiso, izwe angalazi, ehlala emathendeni beno-Isaka noJakobe, ababeyizindlalifa kanye naye zaleso sithembiso, ngokuba wayebheke umuzi onezisekelo, omdwebimumo nomakhi wawo kunguNkulunkulu.

KumaHebheru 11:8-10

## Ubona uNkulunkulu ezindaweni abengalindele neze ukuthi ubengambona khona empilweni yakhe

Lapho engazi ukuthi ikusasa limphatheleni, uJakobe waya ezihlotsheni zikanina ezazihlala ezweni ayengalazi. Ngobunye ubusuku, uNkulunkulu waziveza kuye eceleni kwendlela lapho ayelele khona.

USimakade wema eduze kwakhe, wathi kuye: "NginguSimakade uNkulunkulu kayihlomkhulu, u-Abhrahama nokayihlo u-Isaka, leli lizwe olele kulo ngiyakulabela wena nezizukulwane zakho. Izizukulwane zakho ziyoba ngangothuli lomhlaba, uyosabalalela entshonalanga nasempumalanga, enyakatho naseningizimu; izizwe zonke zomhlaba ziyobusiswa ngawe nangezizukulwane zakho. Yazi ukuthi nginawe; ngizokuvikela noma kuphi

lapho uya khona, futhi ngiyokubuyisela kuleli lizwe, ngokuba anginakukushiya ngize ngikwenzele lokho engikwethembise khona."

UJakobe waphaphama ebuthongweni, wathi: "Nembala uNkulunkulu ukule ndawo, bengingazi."

Ekhungethwe wuvalo, wathi: "Yeka ukwesabeka kwale ndawo! Akusikho okunye, yindlu kaNkulunkulu, futhi leli yisango lezulu."

IGenesisi 28:13-17

## Uyazi ukuthi kunempilo emlindile ngemuva kokufa

**Nakuba umphostoli uPawula wayenebandla elikhulu emhlabeni, kwakuyisifiso sakhe ukushiya leli lizwe lokona akwazi ukuyohlangana noKhristu enkazimulweni kwingunaphakade.**

Ngiyalangazelela, futhi ngethemba ukuthi akukho lutho oluzongijabhisa, kodwa ngizokuba nesibindi esanele ukuze njengokuba kuhlala kwenzeka, uKhristu enziwe mkhulu emzimbeni wami, noma kungokuphila noma kungokufa. Ngokuba kimina ukuphila kunguKhristu, ukufa kuyinzuzo. Kepha uma ukuphila kulo mzimba kuyisithelo somsebenzi kimi, engizakukukhetha angikwazi. Manje ngimanqikanqika; nginesifiso sokumuka ngibe noKhristu, ngokuba yilokho okuhle kakhulu; kanti futhi ukuhlala kulo mzimba kudingeke kakhulu ngenxa yenu.

KwabaseFiliphi 1:20-24

## Ukulindele ngamehlo abomvu ukubuya kukaKhristu

**UPawula waphinda futhi wakhuthaza abazalwane ukuthi kumele bahlale belindele ukubuya kukaJesu.**

Bazalwane, mayelana nezikhathi nangemizuzu, aniswele ukulotshelwa ngakho, ngokuba nina luqobo niyazi ukuthi usuku lweNkosi luza njengesela ebusuku. Uma bethi: "Ukuthula nokuhlala kahle," khona ukubhujiswa kuyakubazuma njengemihelo ifikela okhulelweyo; kabasoze baphunyuka.

Kepha nina bazalwane anikho ebumnyameni, ukuze lolo suku lunifice ningazelele, njengesela, ngokuba nina nonke ningabantwana bokukhanya, nabantwana bemini; asisibo abobusuku noma abobumnyama. Ngakho-ke masingalali njengabanye, kodwa masiqwashe, sizithibe. Ngokuba abalalayo balala ebusuku, nabadakwayo badakwa ebusuku. Kepha thina esingabemini masizithibe, sifake isivikelo sesifuba sokukholwa nesothando, isigqoko sibe yithemba lokusindiswa, ngokuba uNkulunkulu kasimiselanga ulaka, kodwa ukuba sizuze ukusindiswa ngeNkosi yethu uJesu Khristu, owasifelayo; ukuba noma siqwashile noma silele, siphile kanye naye. Ngakho-ke gqugqузelanani, nakhane njengalokhu nenza.

1 KwabaseThesalonikha 5:1-11

# ISIPHETHO

**Izingxenye zemiBhalo ezikule ncwajana zibalula iminxa eyahlukene yokuba wumuntu nesasebenza ngisho nakubantu banamhlanje. Imikhuleko yethu eyokuthi le ncwajana izokusiza ukuthi ukwazi ukuqonda iqiniso elibhekene nabantu banamhlanje ngokugcwele. IBhayibheli alikufihli ukuthi umhlaba ngezinye izikhathi uyahlaba kanye nokuthi nabantu abaseBhayibhelini imilenze yabo iwubumba. Ungaba nesiqiniseko sokuthi nakanjani, uzothola ithemba emiBhalweni ukunqoba kunoma yiziphi izimo okungenzeka uzithole usukuzona. Uzoyithola indlela yakho uma isikulahlekele. Uzophakanyiswa uphinde ududuzwe uma uye wawa futhi walimala. Le miBhalo ikuphosela inselelo kabusha ukuthi wenze umsebenzi kanye nalokho okulindeleke kuwe njengomuntu ohamba ngokukholwa. Sengathi izingxenye zemiBhalo ezikule ncwajana zingakugqugquzela futhi zikuphonsele inselelo ezimweni zakho ezingefani nezabanye abantu.**